UKUHLOLA KUKAZWELONKE KONYAKA

NONYAKA 2012

IBANGA 2

IMETHAMETHIKISI ISIZULU

ISIBONELO SESIVIVINYO

IQOQO 3

UMHLAHLANDLELA WOKUSETSHENZISWA KWEZIBONELO ZOKUHLOLWA (AMA EKH'ZEMPLAZI) KUKA-ANA

1. Indlela Yokubuka Lezi Zibonelo Zokuhlola Umsebenzi.

Isivivinyo sikaZwelonke soNyaka naNyaka u-(ANA) yisivivinyo esiqoqayo esibheka ulwazi kanye namakhono okulindeleke ukuba athuthukiswe kubafundi emabangeni, loku-1 kuya kwelesi-6 kanye nelesi-9. Lokhu kwelekelela ukuhlolwa okwenziwa ezikoleni futhi kuqinisekisa ukuthi abafundi bazuze ngokwenele, ukuze bazethembe futhi bazimbandakanye ngempumelelo ekuhlolweni okwenziwa ngaphandle, lokhu kungenziwa idlanzana lothisha kumbe ongoti abaluleka ngezifundo (subject specialist), iziivivinyo ezihlola uLimi kanye neMathemathiksi. Imibuzo ye-ekh'zempla ithuthukiswe yasuselwa kwikharikhulamu ngokwamathemu loku-1, lesi-2 nelesi-3. Kwaphindwa kwangezelelwa ngephepha lokuhlola elithi alifanele nalelo lika-ANA. Lezi zibonelo zeziivivinyo kanye nephepha eliyisivivinyo elithi alifanele nelika ANA ahlose ukwelekelela ukuhlola okwenziwa ezikoleni ekuhloleni okuqhubekayo, ayangezelela, ayisibonelo sokumiswa kwemibuzo, awaqondile ukuthatha isikhundla sokuhlola kwasezikoleni.

2.Ukuma kwemibuzo eyezibonelo zokuhlolwa (ekh'zemplazi)

Ama –ekh'zemplazi enzelwe ukuveza izindlela namasu ayizinhlobonhlobo okuhlola amakhono nolwazi. Njengokuthi nje ukwazi ngqo lwesifundo noma yikhono kungahlolwa kusetshenziswe imibuzo eyuhlu azokhetha kuyo impendulo efanele umfundi (umfindi unikezwa izimpendulo ezicishe zifane bese yena kubhekeka ukuthi akakhethe impendulo eshaya emhlolweni) noma umfundi alindeleke ukuthi abhale umusho noma isigatshana noma umfundi ahlanganise amagama   noma isitatimende, aqedele umusho noma iphethini,atshengise izimpendulo zabo ngemidwebo noma izikeshi. Ngakho-ke othisha bazothola inqwaba yemibuzo eyizibonelo eyakhiwe ngezindlela ezahlukene ezosiza ukuthi abantwana bakwazi ukuphendula ngesibindi neqholo uma sebephendula isivivinyo.

3. Ukuxhumanisa indlela yokufunda nokufundisa nokusetshenziswa kwezinsizakufundisa.

Ekuxhumaniseni imibuzo yesivivinyo, uzothola ukuthi kwenziwa ngamabomu ukuthi eminye imibuzo ihambisane namabhuku okusebenzela *(workbooks)* amiselwe ibanga lelo elihlolwayo. Ama-ekh'zemplazi akhiwe, ahlelwa, axhumana nezidingo seziTatimende seKharikhulamu sikaZwelonke yamaBanga kusuka ku-R kuya Kwele-12. (NCS) kanye nokuhlelwa kwe-Curriculum and Assessment Policy Statements (CAPS) yamaBanga afanele kanye ne-National Protocol for Assessment. Le miqulu kanye neminye engakhishwa isikole yakha izinsizakufundisa ezinothile, ukusiza othisha ekuhleni izifundo kanye nokuhlola okubekelwe imigomo (Formal Assessment).

4. Ukusetshenziswa ama ekh'zemplazi

Njengoba ama ekh'zemplazi ebanga nesifundo ehlelwe ahlanganiswa, uthisha akumele awanike abafundi bawaphendule ngesikhathi esisodwa. Uthisha kumele akhethe imibuzo ehambisana nesifundo asihlelile ngaleso sikhathi. I- ekh'zempla ekhethwe kahle ingasetshenziswa ukubuza umbuzo noma imibuzo ehambisana nezinyathelweni zenqubo yokufunda nokufundisa ngalendlela:

a.   Ekuqaleni kwesifundo kungahlolwa lapho abafundi bemandla khona nalapho bebafushane khona. Imiphumela yaloku kuhlola okungenhla kumele inike isithombe esikhombisa ukuthuthuka kwabafundi kulokho abakunikiwe ukuze kubonakale lapho bebafushane khona nalapho bemandla khona. Isivivnyo sokuhlola ukuthi kungakanani abakwaziyo singenziwa njengomsebenzi wasekhaya ukuze kongiwe isikhathi sokufundisa ekilasini.

b.   Phakthi nesifundo kungasetshenziswa ukuhlola okwakhayo ukuze kubhekwe ukuthi abafundi bayaphumelela yini ukuthola ulwazi namakhono afundiswayo, kungabibikho umfundi ozosilela ngemuva.

c.   Ekupheleni kwesifundo kumbe kwezifundo ezimbalwa, abafundi banganikwa ukuhlola okuqoqayo ukuze kubhekwe ukuthi bazuze ngokwanele yini ulwazi namakhono abehlosiwe futhi bakwazi ukusebenzisa ulwazi namakhono abehlosiwe.Ukubikela abafundi ngobekuhlolwa kufanele kusheshe kwenziwe ukuze uthisha abe nesikhathi esanele sokuphinda umsebenzi abewufundisa ukuze kuvalwe izikhala azibonile zolwazi namakhono ashiyekile uma kunesidingo.

d.   Kuzo zonke izinyathelo zesifundo, abafundi kumele bahlolwe, kusetshenziswe amasu ahlukene okubuza umbuzo. Isbn. Ukwazi ukuphendula imibuzo yalezi zinhlobo, ukukhetha impendulo eshaya emhlolweni kezinye (Multiple Choice Questions), imibuzo evulekile (Open Ended Questions) noma imibuzo edinga baphendule babeka imibono yabo (Free Responce) nemibuzo emifishane njll.

Yize ukuhlola ukuthi kungakanani abakwaziyo kanye nokuhlola okwakhayo kungaba kufishane ngokwemibuzo efakiwe, ukuhlola okuqoqayo kuyokuba nemibuzo ethe xaxa ngoba kuyisivivinyo esiphelele esithi asifane nesika ANA. Into esemqoka ukuqikelela ukuthi abafundi bathola ithuba elanele lokuzilolonga ekuphenduleni imibuzo ethi mayifane neka ANA.

5.   Amamemorandamu noma umhlahlandlela wokuphendulwa kwemibuzo

Uyanikwa Impendulo elindelekile yombuzo ngamunye we ekh'zempla kanye nesivivinyo esithi asifane nesika ANA. Othisha kumele bakhumbule ukuthi imemorandamu ivulekile.Amamemorandamu akunika imigomo ebanzi yezimpendulo ezilindelekile. Ngakho othisha kumele banike imiklomelo yezimpendulo ezingafani ezihambisana nokubuziwei.

6.   Umthamo wokufanele kwenziwe ngokwekharikhulamu

Kusemqoka kakhulu ukuba umthamu wokufanele kwenziwe ngokwekharikhulamu kwebanga nebanga kwenziwe ngokuphelele. Ama-ekh'zemplazi ebanga nesifundo awakwazi ukuqoqa wonke umsebenzi obekwe kwikharikhulamu. Ama –ekh'zempla ayisibonelo nje solwazi olubalulekile namakhono omsebenzi okumele wenziwe kwithemu yoku-1, yesi-2 neyesi -3 alowonyaka. Ukuklanywa komsebenzi ngokwesikhathi samathemu kubekwe kwacaca kumqulu we CAPS.

7.   Isiphetho

Inhlosongqangi yomnyango wezemfundo ukuthuthkisa amazinga aphakeme nayikhwalithi ukuze abafundi bathole amakhono asemqoka ekwazini iLitheresi neNyumaresi.U –ANA singathi esinye isikhali umnyango osisebenzisayo ukuhlola ukuthi izinga labafundi liyathuthuka, limi ndawonye noma liyehla yini.Izifunda nezikole zilindeleke ukuba zelekelele othisha ekufundiseni nokubanika izinsizakufundisa ukuze inqubo yokufunda nokufundisa yenzeke kahle. Ukusebenzisa ama – ekh'zempla ka- ANA njengengxenye yezinsiza kufundisa kuzosiza othisha ukuthi bajwayele ukusebenzisa amasu okuhlola ahlukene.Uma ama-ekh'zemplazi esetshenziswe ngendlela efanele ayosiza abafundi ukuba bazuze ulwazi olufanele, bathuthukise namakhono afanele ukuze bazuze ulwazi olusezingeni eliphakeme namakhono afanele, ukufunda ngempumelelo bese bephumelela kangcono kwizivivinyo zikazwelonke zonyaka nonyaka(ANA)

IZINAMBA, IZIMPAWU NOBUDLELWANE BAZO.

1. **Buka isithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.**

a. Bala izinja bese ubhala ukuthi zingaki sezizonke ndawonye.

_____

b. Mangaki amaqoqo ezinja **ezinhlanu** akhona? _____

c. Mangaki amaqoqo ezinja **eziyishumi** akhona? _____

d. Mangaki amaqoqo ezinja **ezimbili** akhona? _____

e. Mangaki amaqoqo ezinja **ezintathu** akhona? _____

f. Mangaki amaqoqo ezinja **ezine** akhona? _____

2. **Gcwalisa ngezinamba ezingekho.**

a. 162; _____; _____; 168; 170; _____

b. 152; 155; _____; _____; 164; _____

3. **Qedela amaphethini ezinamba.**

a. 170; _____; 150; _____; 130; _____; 110

b. 105; 110; _____; 120; _____; 130; _____140

4. **Bhala izimpawu zala magama ezinamba.**

a. Ikhulu kanye namashumi ayisishiyagalombili _____

b. Ikhulu neshumi nanye _____

c. Ikhulu namashumi ayisithupha nesithupha _____

4

5. **Bhala amagama ezimpawu zezinamba ezilandelayo:**

a. 44 _____

b. 68 _____

c. 27 _____

d. 73 _____

e. 59 _____

6. **Dweba olayini ukuqondanisa izimpawu kanye namagama ezinamba.**

a. 49   ishumi nesishiyagalombili

b. 55   amashumi ayisikhombisa nane

c. 33   amashumi ayisithupha nantathu

d. 74   amashumi amahlanu nanhlanu

e. 18   amashumi amne nesishiyagalolunye

f. 63   amashumi amathathu nantathu

7. **Kokelezela inamba encane kwezimbili ezinikeziwe.**

    a. 21; 12

    b. 55; 33

    c. 46; 64

    d. 32; 23

    e. 73; 37

8. **Hlela lezi zinamba kusukela kwenkulu kunazo zonke kuya kwencane kunazo zonke.**

    a. 10   17   25   43   38

    _____ _____ _____ _____ _____

    b.   53   35   75   57   55

    _____ _____ _____ _____ _____

    c.   40   63   25   73   68

    _____ _____ _____ _____ _____

9. **Hlela lezi zinamba kusukela kwencane kunazo zonke kuya kwenkulu kunazo zonke.**

    a. 11   33   66   55

    _____ _____ _____ _____

    b. 53   35   47   74

    _____ _____ _____ _____

    c. 24   61   42   16

    _____ _____ _____ _____

10. **Shono ubungako bamadijithi bezinamba engezansi.**

    Enambeni **73,**

    a. ubungakho bedijithi eyi-**7** ama- _____

    b. ubungakho bedijithi engu-**3** u- _____

11. **Bala ngokusebenzisa amadabuli aseduze.**

    Isibonelo: 24 + 25 = 25 + 25 - 1 **noma** 24 + 25 = 24 + 24 + 1

                     = 50 - 1   = 48 + 1

                     = 49   = 49

    a. 28 + 29 =

    b. 36 + 37 =

12. **Bala ngokuhlakaza izinamba.**

    Isibonelo: 29 + 34 = 20 + 9 + 30 + 4

                          = 20 + 30 + 9 + 4

                          = 50 + 13

                          = 63

    a. 41 + 33 =

    b. 52 + 19 =

    c. 86-42 =

13. **Hhafula inamba oyinikiwe.**

	Inamba	Inamba ehhafuliwe
a.	124	
b.	116	
c.	162	

14. **Phinda kabili inamba oyinikiwe**.

	Inamba	Inamba iphindwe kabili
a.	19	
b.	26	
c.	37	

15. **Sebenzisa ulayini wezinamba ukuhlanganisa nokususa izinamba**.

    a. hlanganisa ama-40 kanye nama-30.

    b. susa ama-30 ema-110.

```
 +----+----+----+----+----+----+----+----+----+----+----+--->
 0    10   20   30   40   50   60   70   80   90   100  110
```

8

UKUXAZULULA IZINKINGA

16. **Phendula imibuzo elandelayo**.

UTim wayenezimabhula ezingama-94. Walahlekelwa izimabhula ezingama-30. Zingaki izimabhula asala nazo?

Inamba yezimabhula ezasala =_____

UThoko wayenoswidi ongama-52. Wathenga ongama-20 ngaphezulu. Unamaswidi amangaki manje uThoko?

Inamba yamaswidi = _____

UJames wacosha amawolintshi angama-74 kwathi uBen wacosha uhhafu wenamba eyacoshwa uJames. Mangaki amawolintshi acoshwa uBen?

UBen wacosha amawolintshi anga-_____.

UThembi, uLorraine, uMandla kanye noPaul emunye unamaswidi ayi-18. Banamaswidi amangaki sebebonke?

Amaswidi esewonke =_____

UKUHLELA NGAMAQOQO NOKWAHLUKANISELANA

17. **Buka uhla lobuso ngezansi bese uqedela imisho elandelayo ngamunye.**

☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺
☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺
☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺
☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺
☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺	☺

a. Kukhona olayini abayi-5 abanobuso obuyi- _____ ngamunye.

b. Kukhona ubuso obunga- _____ buhlangene ndawonye.

18. **Phendula imibuzo elandelayo:**

a. UBongani kufanele abeke amakhekhe angama-54 emaphaketheni ayisi-9 ngayinye. Angenza amaphakethe amangaki?_____

b. Umuntu ngamunye ozothola malini uma u-R96 uhlukaniswa ngokulinganayo kubantu abayisi-8?

_____

c. Ekilasini leBanga le-2 kukhona abafana abangama-34. Inamba yamantombazane iphinda kabili eyabafana. Mangaki amantombazane ekilasini?

_____

19. **Phendula imibuzo elandelayo.**

   a. Hlukanisa umdwebo ongenhla ngokulinganayo kabili.

   b. Hlikihla ikota kanxande.

IMALI

20. **Qedela ithebula.**

	Ukubiza	Kwakhokhwa ngo	Ushintshi
a.	R71,00		R4
b.		R20	R6
c.	R43,00	R50	

21. UBetty uthenga incwadi ebiza R6.50. Ukhokha ngo-R20

   oyiphepha. Kokelezela ushintshi wakhe?

   A   R14.00   B   R12.00   C   R13.50   D   R13.00

22. UPiet uno-R21.00 kanti UJack uno-R14.00. Babeka imali yabo

   ndawonye ukuthenga ibhola elibiza u-R32.00. Imalini ushintshi

   okufanele bawuthole?

   R _____

AMAPHETHINI.

23. Kokelezela imidwebo elandelayo ephethenini elingezansi.

A.   B.   C.   D.

24. Bhala izinamba ezi-2 ezilandelayo ephethenini ngayinye.

a. 132; 122; _____; _____; 92; _____

b. 180; 175; _____; _____; 160; _____

c. 96; 98; _____; _____; 104; _____

d. 80; 84; 88; _____; _____; _____

e. 96; 99; _____; 105; ____; 111;_____

25. **ISIKHUNDLA.**

Nazi izimoto ezi-4 ezipakwe zalandelana.

Qedela:

a. Imoto ewunamba _____ iphambili.

b. Imoto ewunamba _____ kanye _____ zingemuva kwemoto engunamba 33.

12

c. Imoto ewunamba _____ ingemuva kancane kwemoto
     ewunamba 71.

d. Imoto ewunamba _____ ingaphambili kancane kwemoto
     engunamba 33.

26. UKate uhamba ngebhasi ukusuka ekhaya eya esikoleni. Ithebula
   elingezansi likhombisa indlela yamabhloko nebanga alihambayo.

2	5	4	3	2	1	5
→	↑	→	↓	←	↓	→

**Sebenzisa ulwazi olusethebulini elingenhla ukuqedela uhla
olutshengisa ukuthi uhamba kanjani ngeebhloko. Eyokuqala
useyenzelwe.**

→							

IZIMO

27. a. **Faka uphawu esimweni esinamacala aqondile kuphela.**

b. **Dweba ulayini ohlukanisa lezimo ezilandelayo ngokulingana ncamashi.**


ISIKHATHI

28. **Bhala isikhathi esikhonjisiwe ewashini ngalinye.**

_____   _____   _____

29. **Dweba izinti zemizuzu namahora ewashini ngalinye olukhombisa isikhathi esibhalwe ngezansi.**

Ihora lesi-6 ngqo   Ligamenxe ihora lesi-4

30. **Funda okubhalwe ngezansi bese uphendula umbuzo.**

USindi wahamba ekhaya ekuseni ngehora lesi-6 ezimpondweni.

Wafika esikoleni ligamenxe ihora lesi-8. Uchithe isikhathi

esingakanani emgwaqeni?

31. **Bala inamba yamahora kusuka…**

   a. Ehoreni lesi-7 ngqo kuya kwele-12 ekhanda. _____.

   b. Ehoreni le-12 ngqo kuya kwele-7 ekhanda. _____.

   c. Ligamenxe ihora le-4 kuya ligamenxe ihora lesi-9_____

   d. Ehoreni lesi-6 ngqo kuya ligamenxe ihora le-12.

      _____.

32. **Funda imisho engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.**

a. Iluphi usuku olungemuva kweSonto ngezinsuku ezi-4?

_____

b. Usuku lokuzalwa lukaKen liyizinsuku eziyisi-7 ngemuva

komhlaka 14 June. Lwalunini usuku lwakhe lokuzalwa?

_____.

c. Eyiphi inyanga engemuva kuka-Agasti ngezinyanga ezi-5?

_____

d. Eyiphi inyanga engaphambii kukaNovemba ngezinyanga

eziyisi-6? _____

e. Yisho inyanga emfishane kunazo zonke onyakeni.

_____

ISILINGANISO

33. Hlola ubude bolayini aba-5 ukubona ukuthi umunye mude kangakanani.

Ulayini A _____

Ulayini B _____

Ulayini C_____

Ulayini D _____

Phendula imibuzo elandelayo ngaphandle kokukala ulayini.

a. Ulayini _____ mude kunayo yonke.

b. Ulayini _____ mufushane kunayo yonke.

c. Ulayini _____ nolayini _____ bayalingana.

UMTHAMO

34. **Kokelezela uhlamvu olune mpendulo efanele.**

Ubisi lukalwa ngama:

   A   litha   B   khilogremu   C   khilomitha

35. **Kokelezela uhlamvu olune mpendulo efanele.**

Isiphuzo esibandayo singakalwa ngama:

   A   gremu   B   mililitha   C   khilogremu

UKUQOKELELA ULWAZI LEZIBALO

36. Igrafu yezithombe ikhombisa inamba yezitshalo ezidayisiwe esitolo ngolunye usuku.

Izitshalo ezidayisiwe esitolo ngolunye usuku

Inamba yezitshalo	Izaqathe	Amazambane	Iklabishi	Ugalikhi
7		🥔		
6		🥔		
5	🥕	🥔		🧄
4	🥕	🥔		🧄
3	🥕	🥔		🧄
2	🥕	🥔		🧄
1	🥕	🥔		🧄

18

Buka igrafu yezithombe engaphezulu bese uphendula imibuzo.

a. Isiphi isitshalo esadayiswa kakhulu?_____.

b. Esiphi isitshalo esingadayiswanga?_____.

c. Mungaki ugalikhi owadayiswa? _____.

d. Zingaki izitshalo ezadayiswa sezihlanganiswe ndawonye?

_____.